Isifundo 12

**December 16–22*

Ukunqoba Ububi NgoKuhle

ISABATHA EMINI

Funda Kuleliviki:

Romans 12, 13.

Indimana Yekhanda:

"Ningalingisi lelizwe: kepha niguqulwe ngokwenziwa kabusha kwengqondo yenu, ukuze nibe nokuhlolisisa okuyintando kaNkulunkulu, okuhle, nokuthandekayo, nokupheleleyo" (Roma 12:2).

Nakuba uPawule efuna kangakanani ukususa abaseRoma emqondweni wabo wamanga ngomthetho, ubiza onke amaKristu ekulaleleni okusezingeni eliphezulu. Lokhukulalela kuza kuvela enguqulweni engaphakathi yenhliziyo nengqondo, inguquko eza kuphela ngamandla kaNkulunkulu esebenza emuntwini ozinikele Kuye. abaseRoma awanakusikisela kokuthi lokhu kulalela kuyazizela. UmKristu kumele akhanyiseleke ngokuthi izimfuno yiziphi; kumele afise ukulalela lezo zimfuno; futhi, ekugcineni, umKristu kumele amandla okungaphandle kwawo lokho kulalela kungeke kwenzeka. Lokhu kuchaza ukuthi imisebenzi iyingxenye yenkolo yobuKristu. UPawule wayangaqondile ukubukela phansi imisebenzi; kwizahluko 13 kuye ku-15 uyigcizelela kakhulu. Lokhu akukona ukuphika lokho asekushilo ngaphambili mayelana nokulungisiswa ngokukholwa. Kunalokho, imisebenzi ingubufakazi beqiniso balokho okuchazwa ngukuphila ngokukholwa. Othile angase abange ngelithi ngenxa yesambulo esengeziwe ngemuva kokufika kukaJesu, izimfuno zeTestamente Elisha zilukhuni kunalokho okwakufuneka kweLidala. Amakholwa eTestamente Elisha anikezwe isibonelo sokuziphatha kahle kuJesu Kristu. Yena hhayi omunye yisibonelo okumele sisilandele. "Mawubekini lowomqondo, owawuku" [hhayi kuMose, hhayi kuDaniyeli, hhayi kuDavide, hhayi kuSolomoni, hhayi kuEnoki, hhayi ku-Deborah, hhayi kuEliya] "Kristu Jesu" (Phil. 2:5). Umgomo awukwazi ukuba—futhi ngeke!—uphakame kunalokho.

**Funda isifundo saleliviki ukulungiselela iSabatha lika-December 23.*

Ukukhonza Kwenu Kokuqonda

Ngesahluko 11, ingxenye yemfundiso encwadini yabaseRoma iyaphela. Izahluko 12 kuye ku-16 zethula iziyalo eziphathekayo kanye nokuphawula kukaPawule. Nakuba kunjalo, lezizahluko zokugcina zisemqoka kakhulu ngoba zibonisa ukuthi impilo yokukholwa ingaphilwa kanjani. Okokuqala, ukukholwa akuthathi indawo yokulalela, sengathi ukukholwa kwenza ize umthwalo wethu wokulalela iNkosi. Izimiso zokulunga zisekhona ngamandla; zichaziwe, futhi zandiswa KwiTestamente Elisha. Futhi akukho okunikeziwe okukhomba ukuthi kuzobalula kumKrsitu ukuba alawule impilo yakhe ngalezizimiso zokulunga. Kunalokho, sitshelwa ukuthi ngezinye izikhathi kungaba lukhuni, ngokuba impi nomina kanye nesono ilukhuni ngasosonke isikhathi (1 Pet. 4:1). UmKristu uthenjiswe amandla kaNkulunkulu futhi unikezwe isiqinisekiso sokunqoba, kodwa sisesemhlabeni wesitha futhi kuzomele silwe izimpi eziningi ezimelene nokulingwa. Izindaba ezinhle ngukuthi uma siwa, uma sikhubeka, asilahlwa kodwa sinomPristi Omkhulu osinxuselayo (Heb. 7:25).

Funda abaseRoma 12:1. Lomfanekiso owethulwa lapha wembula kanjani indlela thina maKristu okumele siphile ngayo na? AbaseRoma 12:2 bangena kanjani kulokhu na?

KwabaseRoma 12:1, uPawule ubhekise kwimihlatshelo yeTestamente Elidala. Njengoba, mandulo, izilwane zaziba ngumhlatshelo kuNkulunkulu, manje amaKrsitu kumele anikele imizimba yawo kuNkulunkulu—hhayi ukuba ibulawe kodwa njengemihlatshelo ephilayo enikelwa emsebenzini wakhe. Ngesikhathi sika-Israyeli wasemandulo, wonke umnikelo owawulethwa njengomhlatshelo wawuhlolisiswa. Uma kunesici esilwaneni, sasenqatshwa, ngokuba uNkulunkulu wayeyaleze ukuba umnikelo ungabi nasici. Ngalokho, amaKristu ayalezwa ukuba anikele imizimba yawo "njengomhlatshelo ophilayo, ongcwele, nowamukelekile kuNkulunkulu." Ukuze akwenze lokhu, onke amandla awo kumele alondwe esimweni esihle. Nakuba kungekho phakathi kwethu ongenasici, iphuzu lapha ngelokuthi kumele sifune ukuphila ngokungenasici nangokuthembeka kangangokuba sinako.

"Makuguqulwe isimo senu ngokwenziwa ibentsha ingqondo yenu(Roma 12:2). Ngalendlela Umpostoli uchaza ukuhamba (komKristu); ngokuba ukhuluma nalabo asebengamaKristu, impilo yobuKristu ayichazi ukuma ndawonye, kodwa Ukusuka kulokho okulungileyo kuye kulokho okungcono"—Martin Luther, Commentary on Romans, pp. 167, 168. Kuchaza ukuthini Ukusuka kokuhle uye kokungcono empilweni yobuKristu na?

Ukucabanga Ngokuphusile

Sikhulume kabanzi kulekota ngokuqhubeka komthetho kaNkulunkulu wokulunga futhi sagcizelela ngokuphinda-phindiwe ukuthi umyalezo kaPawule encwadini KwabaseRoma akuwona ofundisa ngokuthi Imithetho Elishumi yachithwa noma ngandlela thile yenziwa ize ngokukholwa. Kepha, kulula ukubambeka kokubhaliwe emthethweni bese sikhohlwa ngumoya ongemuva kwawo. Futhi lowo moya wuthando—ukuthanda uNkulunkulu nokuthanda omunye nomunye. Nakuba noma Ngubani angavuma ukuthi uyathanda, ukwembula lolothando empilweni yansuku zonke kungaba ngolunye udaba olwehlukileyo.

Funda abaseRoma 12:3-21. Kumele silwembule kanjani uthando kwabanye na?

Njengaku-1 Korinte 12 no 13, uPawule uphakamisa uthando ngemuva kokubhekana Nezipho ZikaMoya. Uthando (Greek agape) yindlela engcono kakhulu. “UNkulunkulu uluthando” (1 Johane 4:8). Ngakho-ke, uthando luchaza isimilo sikaNkulunkulu. Ukuthanda kungukwenza kwabanye njengoba uNkulunkulu enza kanye nokubaphatha ngendlela uNkulunkulu abaphatha ngayo. UPawule lapha uveza ukuthi uthando kumele lukhonjiswe ngendlela ephathekayo. Esinye isimiso esibalulekileyo siyavela, futhi ngesokuzithoba: ukuzimisela komuntu ukuba “angazicabangi yena emkhulu kunalokho ayikho” (Rom. 12:3), ukuzimisela “ukunikeza omunye ilungelo ekuphakameni” (Rom 12:10 , NASB), kanye nokuzimisela ukungabi “ngohlakaniphile ngokokwakho ukubona” (Rom. 12:16, NKJV). Amazwi kaKristu Ngaye “Thathani ijoka lami phezu kwenu, nifunde kimi; ngokuba ngimnene futhi ngithobekile enhliziyweni” (Mat. 11:29), abamba isizinda saloko. Kubo bonke abantu, amaKristu kumele abe ngathobeke kunabo bonke. Nembala, buka indlela esingenamandla ngayo. Buka indlela esiwe ngayo. Buka indlela esincike ngayo, hhayi kuphela ekulungeni okungaphandle kwethu kokuba sisindiswe kodwa futhi phezu kwamandla esebenza kithina ukuze asiguqule ngezindlela esingakwazi ukuzigula ngazo. Yini esingazidla ngayo na? Yini esingazigqaja ngayo na? Yini esinayo kithi esingaziqhenya ngayo na? Lutho. Siqala kulendawo yokuzithoba—hhayi kuphela phambi kukaNkulunkulu kepha phambi kwabanye—kumele siphile ngendlela uPawule asiyala ngayo kulezizindimana.

Funda abaseRoma 12:18. Usisebenzisa kahle kangakanani lesiseluleko empilweni yakho njengamanje na? Ngabe udinga ukuhlela kabusha indlela yakho yokubuka ukuze wenze lokho Izwi elisitshela kona lapha na?

UmKristu Kanye NoMbuso

Funda abaseRoma 13:1-7. Yiziphi izimiso eziyisisekelo esingazithatha kulesisahluko mayelana nezindlela okumele sihlobane ngazo nohulumeni na?

Okwenza amazwi kaPawule athathekisa kakhulu ngukuthi wayebhala ngesikhathi lapho umbuso wabahedeni wawubusa umhlaba—futhi wawunesihluku esikhulu, ukhohlalekele kakhulu, futhi owawungazi lutho ngoNkulunkulu weqiniso futhi owawuzothi, eminyakeni embalwa, uqale izintshushiso ezinkulu zalabo ababefuna ukukhonza lowoNkulunkulu. Empeleni, uPawule wabulwa yilowo hulumeni! Kepha ngaphandle kwakho konke lokhu, uPawule wayemele ukuthi amaKristu kumele abeyizakhamuzi ezilungileyo, nangaphansi kukahulumeni onjalo na? Yebo. Futhi kungenxa yokuthi umqondo kahulumeni ngokwawo utholakala kulo lonke iBhayibheli. Umqondo, isimiso sikahulumeni, sigcotshwe nguNkulunmulu. Isintu sidinga ukuphila emphakathi onemithetho kanye nezimiso nemigomo. Ukuzibusa akuwona umqondo weBhayibheli.

Sekushiwo lokho, akuchazi ukuthi uNkulunkulu uvumelana nazo zonke izinhlobo zikahulumeni noma izindlela bonke ohulumeni abaphethwe ngayo. Akunjalo. Othile akumele aze abuke kude, emlandweni noma emhlabeni namuhla, ukubona Imibuso enonya. Kepha nakuzo lezizimo, amaKrsitu kumele, kangangokuba enako, alalele imithetho yezwe. AmaKristu kumele aphase uhulumeni ngokwethembeka uma nje izimfuno zawo zingalwisani nezimfuno zikaNkulunkulu. Othile kumele acabange ngokukhuleka nangokuqikelela—futhi nangezeluleko zabanye—ngaphambi kokuba athathe indlela embeka ekungquzulaneni namandla akhona. Siyazi ngokwesiprofetho ukuthi ngelinye ilanga bonke abalandeli abathembekileyo bakaNkulunkulu bazoqhathwa namandla ombuso alawula izwe (Sambulo 13). Kuze kube yilesosikhathi, kumele senze konke esinako, ngaphambi kukaNkulunkulu, ukuba yizakhamuzi ezilungileyo nakuba sihlala kweliphi izwe.

“Kumele sihloniphe uhulumeni wabantu njengesimiso esingcwele, futhi sifundise ukuwulalela njengomsebenzi ongcwele, phakathi kwesigaba sawo esisemthethweni. Kodwa lapho izimfuno zawo ziphikisana nezikaNkulunkulu, kumele silalele uNkulunkulu kunabantu. Izwi likaNkulunkulu kumele libonwe njengelengamele yonke imithetho yabantu. . . . “Akudingekile ukuba sidelele abasemagunyeni. Amazwi ethu, ngokukhuluma noma ngokubhala, kumele aqikelelwe, hleze sizibeke emlandweni njangebakhulume lokho okuzosenza sibonakale njengabamelene nomthetho nokuhleleka. Akumele sisho noma senze lokho okungasivimbela ngokungenasidingo.”—Ellen G. White, *The Acts of the Apostles*, p. 69.

Thandanani

“Ningabi nacala lani nakubani, kuphela elokuthandana: ngokuba othanda omunye uwugcwalisile umthetho” (Rom. 13:8). Kumele siyiqonde kanjani lendimana na? Ngabe ichaza ukuthi uma sithanda, asinamthwalo-ke wokulalela umthetho kaNkulunkulu na?

Njengoba uJesu enza Entshumayelweni yaseNtabeni, uPawule lapha wandisa izimiso zomthetho, ebonisa ukuthi uthando kumele lube ngamandla aqhuba konke esikwenzayo. Ngenxa yokuthi umthetho uyisambulo sesimilo sikaNkulunkulu, futhi noNkulunkulu uluthando, ukuthanda, nokho, kungukugcwalisa umthetho. Kepha, uPawule akafaki endaweni umgomo ongabonakali kahle wothando esikhundleni salokho okushiwo ngumthetho, njengoba kusho amanye amaKristu. Umthetho wokulunga usabopha, ngoba, futhi, yiwona okhomba isono—futhi Ngubani ongaphika ubukhona besono na? Nakuba kunjalo, ngempela umthetho ungagcineka Ngokwengqikithi yothando. Khumbula, abanye balabo ababethela uJesu baphuthuma ekhaya ukuyogcina umthetho!

Iyiphi imithetho ayicaphuna uPawule njengezibonelo zokulinganisa isimo sothando ekugcineni umthetho na? Kungani ekhetha lena na? Rom. 13:9, 10.

Ngokuthathekisayo, okuphathelene nothando kwakungesona isimiso Esisha. Ngokucaphuna uLevitikusi 19:18, “Uyakuthanda umakhelwane wakho njengalokhu uzithanda wena,” uPawule uveza ukuthi lesisimiso sasiyingxenye yohlelo lweTestamente Elidala. Futhi uPawule ubheka KwiTestamente Elidala ukuphasa ivangeli alishumayelayo. Abanye baphikisana ngalezizindimana ngokuthi uPawule ufundisa ukuthi yimithetho nje embalwa ebalulwe lapha esebenzayo. Uma kunjalo, ngabe lokhu kuchaza ukuthi amaKristu angadelela Abazali bawo, bakhonze izithixo, futhi nabanye onkulunkulu ngaphandle kukaJehova na? Nembala cha. Buka ingqikithi lapha. UPawule ukhuluma ngendlela esidlelana ngayo. Ukhuluma ngobudlelwane, okuyingakho egqamisa imithetho egxile kubudlelwane. Inkulumo-mpikiswano yakhe ngempela akumele ihumushwe njengeyenza ize wonke umthetho. (Buka iZenzo 15:20, 1 Thes. 1:9, 1 Johane 5:21.) Ngaphandle kwalokho, njengoba ababhali beTestamente Elisha beveza, ngokutshengisa uthando kwabanye, sitshengisa uthando kuNkulunkulu (Mat. 25:40; 1 Johane 4:20, 21).

Cabanga ngobudlelwane bakho noNkulunkulu nangendlela obubonakala ngayo kubudlelwane bakho nabanye. Uthando lukhulu kangakanani kulobo budlelwane na? Ungafunda kanjani ukuthanda abanye ngendlela uNkulunkulu asithanda ngayo na? Yini ekuvimbela ukuba wenze kanye lokho na?

Manje Insindiso Yethu

"Nokuthi, nazi isikhathi, ukuthi manje sekuyisikhathi sokuvuka ebuthongweni: ngokuba manje insindiso yethu isisondele kithi kunaleso sikhathi esaqala ukukholwa ngaso" (Rom. 13:11).

Njengoba sesishilo kuyo yonke ikota, uPawule wayegxile kokuthile encwadini yabaseRoma, nokuthi lokhu kwakungukucacisela ibandla aseRoma—ikakhulu amakholwa amaJuda lapho—ngendima yokukholwa ngemisebenzi kwingqikithi yesiVumelwano Esisha. Udaba kwakungosindiso nendlela isoni esithathwa njengesilungile futhi nesingcwele phambi kukaNkulunkulu. Ukusiza labo ababegcizelela umthetho, uPawule wawubeka umthetho endimeni nakwingqikithi yawo efanele. Noma-ke, ngokufanele, ubuJuda nakwiTestamente Elidala babuyinkolo yomusa, ukugcina umthetho kwaphakama futhi kwenza omkhulu umonakalo. Kumele njengebandla siqaphele ukuba singenzi iphutha elifanayo.

Funda abaseRoma 13:11-14. Yisiphi isigameko akhuluma ngaso uPawule lapha, futhi kumele senze kanjani lapho silindele lesosigameko na?

_____

_____

Kuyathathekisa ukuthi uPawule wayekhuluma lapha namakholwa, ewatshela ukuba mawavuke alungise ngoba uJesu wayebuya. Ukuthi lokhu kwabhalwa eminyakeni cishe engu-2000 edlule akusho lutho. Kumele ngaso sonke isikhathi siphile ngokulindela ukubuya kukaKristu okuseduze. Ngokwethu futhi nangokwamava ethu, Ukuza Kwesibili kuseduze njengokufa kwethu. Noma ngabe sifa evikini elizayo noma eminyakeni engu-40 ezayo, futhi nona ngabe silala izinsuku ezine noma iminyaka engu-400—akwenzi mehluko kithi. Okulandelayo esikwaziyo ngukuza kwesibili kukaJesu. Nokufa njalo kusejikeni kunoma Ngubani kithi, isikhathi nembala sifushane, futhi nensindiso yethu isisondele kithi kunaleso sikhathi esaqala ngaso ukukholwa. Nakuba uPawule engabhekani kakhulu encwadini yabaseRoma nokuza Kwesibili, ezincwadini zabaseThesalonika nabaseKorinte ukhuluma ngakho kabanzi. Nembala, yindikimba ebucayi yeBhayibheli, ikakhulu kwiTestamente Elisha. Ngaphandle kwako nethemba eliza nako, ukukholwa kwethu empeleni kuyize. Nembala, "Ukulungisiswa ngokukholwa" kuchazani ngaphandle Kokuza Kwesibili okuletha ukufezeka kwaleloqiniso elimangalisayo na?

Ukuba ubuwazi ngokuqinisekile ukuthi uJesu uyeza ngenyanga elandelayo, yini obungayiguqula empilweni yakho, futhi kungani na? Uma ukholwa ukuthi kumele uguqule lezizinto kusasele inyanga ngaphambi kokuba uJesu abuye, kungani ungaziguquli manje na? Yini umehluko na?

Cabanga Kabanzi:

"EBhayibhelini intando kaNkulunkulu yembuliwe. Amaqiniso Ezwi likaNkulunkulu angamazwi Ophezu Konke. Lowo owenza lamaqiniso ingxenye yokuphila kwakhe uba yisidalwa Esisha. Akanikwa amandla amasha engqondo, kodwa ubumnyama okuthe ngokungazi kanye nesono kwafiphaza ukuqonda kwakhe kususiwe. Amazwi 'Inhliziyo entsha ngiyakininikeza yona,' Achaza, 'Umqondo omusha ngiyakinikeza wona.' Inguquko yenhliziyo ihambisana njalo nokuvuma okucacile komsebenzi wobuKristu, ukuqonda iqiniso. Lowo onakisisa Izibhalo, futhi ekhuleka uyakuzuza ukuqonda okucacile kanye nokuhluzeka engqondweni, sengathi ngokuguqukela kuNkulunkulu usefike ekuhlanipheni okusezingeni eliphezulu."—Ellen G. White, *My Life Today*, p. 24. "Inkosi . . . iyeza masinyane, futhi kumele silunge futhi Silinde ukuqhamuka Kwayo. Kuyoba kuhle kakhulu ukumbona Yena kanye nokwamukelwa njengabahlengiweyo! Sesilinde isikhathi eside, kodwa ithemba lethu akumele lifiphale. Uma singabona iNkosi ebuhleni Bayo siyobusiseka ingunaphakade. Ngizizwa kuthi angimemeze kakhulu: 'Sibheke ekhaya!' Sesisondela ezikhathini lapho uKristu ezakuza ngamandla kanye nenkazimulo enkulu ukuzothatha abahlengiweyo Bakhe abase ekhaya labo langunaphakade."—Ellen G. White, *Testimonies for the Church,* vol. 8, p. 253.

Imibuzo Yokuxoxisana:

1. Eklasini, phindela kumbuzo osekupheleni kwesifundo sangoLwesine. Bezithini izimpendulo ezinikezwe ngabantu, futhi bazimele kanjani na?

2. Umbuzo wokuthi kumele sibe yizakhamuzi ezinhle kanjani kanye namaKrsitu alungile ungaba nenkinga ngezinye izikhathi. Uma othile ubengafika kuwe efuna ukwelulekwa ngokumela lokho akholwa ngukuthi kuyintando kaNkulunkulu—nakuba kuzomxabanisa nohulumeni—ubungathini na? Yisiphi iseluleko obungasinikeza na? Yiziphi izimiso okumele uzilandele na? Kungani lokhu kuyinto okumele ngokukhuleka kanye nokuqiniseka ubhekane nayo na? (Nembala, akubona bonke abaphonswa emphandwini wamabhubesi baphume bengenamyocu.)

3. Ucabanga ukuthi yikuphi okulukhuni ukukwenza: ukugcina ngokuqinile okubhalwe emthethweni noma ukuthanda uNkulunkulu kanye nabanye ngokungenamibandela na? Noma ubungaphikisa ngokuthi lombuzo wethula umehluko wamanga na? Uma kunjalo, kungani na?

4. Lapho sesisondela ekupheleni kwalekota, eklasini xoxani ngalokho enikufundile encwadini yabaseRoma okusisiza ukuba siqonde ngokubaluleka kwe-Reformation. Yini abaseRoma abasifundise yona ngalokho esikukholwayo nokuthi kungani sikukholwa na?

Notes